# UKUQEDA IZINGANEKWANEI NGE-KARPOWERSHIP



## IYINI IMIKHUMBI YAMANDLA?

Imikhumbi yamandla yizimboni zamandla ezintantayo ezihambayo ezivame ukusetshenziswa kulandela izinhlekelele zemvelo. Zisebenzisa i-Liquefied Natural Gas noma omunye umthombo wamafutha ukukhiqiza ugesi. Imikhumbi enamandla ima emachwebeni futhi idlulisele ugesi ezweni elikhulu ngezintambo zikagesi.

I-Karpowership SA yinkampani yaseNingizimu Afrika ebambele inkampani yaseTurkey i-Karadeniz Holdings, esebenza ngemikhumbi yamandla emhlabeni jikelele. I-Karpowership SA iphumelele ukufinyelela esivumelwaneni somsebenzi weminyaka engama-20 yokumisa imikhumbi emithathu yamandla emachwebeni ase-Saldanha, e-Coega nase-Richards Bay.

Izinkampani ngokuhlanganyela zingakhiqiza ugesi ongama-1220MW ngezindleko ezilinganiselwa ku-R218 billion ($16 billion) eminyakeni engama-20. Isivumelwano somsebenzi siphinde sivumele izinguquko zezindleko ezengeziwe ngokuhambisana nezindleko zikaphethiloli ezishintshashintshayo - i-Liquified Natural Gas.

## Inganekwane #1

## I-Karpowerships izoba ukuphela kokucinywa kukagesi eNingizimu Afrika

Ngokusho kwe-Organisation for Undoing Tax Abuse (i-OUTA), i-Karpowership zinganciphisa inkinga yokucinywa kukagesi ngesigaba esisodwa.
Njalo nge-1000MW noma i-1GW kagesi ekhiqizwa futhi yengezwe kwisixa somthamo kagesi inganciphisa isigaba esisodwa sokucinywa kukagesi. I-Karpowership zizonikela ngonkhiqizo ongama-1220MW kuphela.
Umbiko we-Meridian ukhombisa ukuthi enye indlela yamandla avuselelekayo ingahlangabezana nezidingo zamandla kagesi eNingizimu Afrika.

## Inganekwane #2

## I-Karpowership zingaqala ukusebenza ngokushesha ukunciphisa ukucisha kukagesi

Ngokubika kweBusiness Live, i-Karpowership zizothatha izinyanga ezifika kweziyi-15, noma ngaphezulu, ngaphambi kokuthi ziqale ukukhiqiza ugesi.
Ngemva kokuba i-Karpowership sezithole imvume eyigunyaza ukusebenza (ilayinsense) ukukhiqiza ugesi, zizodinga ukwakha ingqalasizinda zasogwini ezidingekayo ukuze kuxhunywe i-Karpowership ohlelweni lwezamandla aseNingizimu Afrika.

## Inganekwane #3

## I-Karpowership ziyifanele imali etshalwe kuzo

Ukutshala imali kuma-Karpowership kuzodla iNingizimu Afrika amabhiliyoni angama-R218 eminyakeni engama-20 - cishe u-R1 bhiliyoni njalo ngenyanga. Isivumelwano somsebenzi ne-Karpowership SA sizovumela ukuguqulwa kwezindleko ngokuhambisana nezindleko eziguqukayo zikaphethiloli - i-Liquified Natural Gas.

Ngemuva kweminyaka engama-20 okuvunyelwene ngayo, i-Karpowership zizohamba. INingizimu Afrika izolahlekelwa wukutshala imali ekuphehleni ugesi unomphela - njengezinsiza zokuphehla amandla omoya noma ilanga.
Amandla avuselelekayo anikezela ngenye indlela eshibhile kune-Karpowership. Bheka Inganekwane #7

## Inganekwane #4

## I-Karpowership ziyindlela esemthethweni yokuthi iNingizimu Afrika ikhiqize ugesi

I-Karpowership zinomlando wenkohlakalo, zishiya amazwe ehluleka ukukhokha ngesikhathi ezimeni ezinzima nezimba eqolo. Kunezinsolo zokuthi isivumelwano se-Karpowership neNingizimu Afrika sinenkohlakalo. Kukhona nokukhathazeka ngokuthi isivumelwano somsebenzi weminyaka engama-20 side kakhulu futhi izindleko zama-R218 bhiliyoni ziyabiza. Kunokungabaza ukuthi le nkontileka ihlangabezana nezidingo zomthetho zenqubo “enobulungiswa, elinganayo, enokuncintisana nengabizi”, edingekayo lapho kugunyazwa intuthuko eNingizimu Afrika.

NATURAL JUSTICE

# UKUQEDA IZINGANEKWANEI NGE-KARPOWERSHIP



## Inganekwane #5 Ukusebenzisa igesi ukukhiqiza amandla kungcono kakhulu eNingizimu Afrika

I-Karpowership zizosebenzisa i-Liquefied Natural Gas. Igesi inguphethiloli wezinsalela ezimbiwa phansi, kanti ukuvuza kwe-methane okuvela ekukhishweni kwegesi, ukuthutha nokushiswa kunomthelela omkhulu ekushintsheni kwesimo sezulu nxa kuqhathaniswa nokusetshenziswa kwamalahle. Akugcini lapho, igesi iyaguquguquka futhi ukusebenzisa igesi kungaholela ekuqhumeni.

I-Karpowership zizofaka isandla ekwandeni kokukhishwa kwekhabhoni kanye nokushintsha kwesimo sezulu okubi. Kudingeka sigxile kwezinye izindlela ezihlanzekile, njengomoya nelanga.

## Inganekwane #6 I-Karpowership zizodala amathuba emisebenzi futhi zisize ukuthuthukiswa komnotho wendawo endaweni

Inkampani yakwamanye amazwe izophatha i-Karpowership futhi iqashe abantu bendawo abambalwa kakhulu. Nakuba kungase kudale inani elincane lemisebenzi, eminingi yayo izokhokha kancane futhi ibe eyesikhashana, futhi i-Karpowership zizoba nomthelela omubi ezimpilweni zemiphakathi yendawo.

I-Karpowership nazo zingalimaza imvelo yendawo kanye nabantu. Zikhiqiza ukungcoliswa komoya emikhunjini, ukuchitheka kukawoyela, umsindo nokunukubezeka okuvamile, kanye namanzi angcolile aphuma egesini futhi nokufudumeza amanzi aseduze. Le mithelela izolimaza impilo yabantu bendawo njengabasebenzi bezokuvakasha nabadobi.

## Inganekwane #7 I-Karpowership zingcono kunamandla avuselelekayo okukhiqiza ugesi

Imithombo yamandla elanga nomoya iyindlela ephumelelayo neyongayo yokukhiqiza amandla eNingizimu Afrika. Sinelanga eliningi nomoya, futhi izindleko zamandla avuselelekayo zehle kakhulu kule minyaka embalwa edlule - okwenza ukuthi zithengeke.

Esikhundleni sokusebenzisa i-Karpowership, iNingizimu Afrika ingasebenzisa izixazululo ezintsha, ezisathuthukiswa, ezikhona zokugcina nezinto ezivuselelekayo.

Ezinye izindlela zokukhiqiza ngamandla elanga okuthengwe ngentengo efanayo nesivumelwano se-Karpowership, okukholakala ukuthi njengamanje singabiza amabhiliyoni angama-R218, nakho kunganciphisa izigaba eziphakeme kakhulu zokucinywa kukagesi.

## IMITHOMBO NOKUFUNDA OKWENGEZIWE


**Karpowership deal won't end loadshedding, says OUTA**
https://ewn.co.za/2023/02/02/karpowership-deal-not-the-solution-to-south-africa-s-energy-crisis-says-outa

**Load of Hot Air: Gas-fired power generation for South Africa is an expensive dead-end street**
https://www.dailymaverick.co.za/article/2022-06-21-load-of-hot-air-gas-fired-power-generation-for-sa-an-expensive-dead-end/

**Environmental Ruling for Karpowership due by March 7**
https://www.businesslive.co.za/bloomberg/news/2023-01-23-environmental-ruling-for-karpowership-due-by-march-7/

**Powership company trails corruption claims in its wake**
https://www.dailymaverick.co.za/article/2021-06-19-powership-company-trails-corruption-claims-in-its-wake/

**Karpowership consortium: In affidavit, losing bidder claims 'blatant corruption', fingers Mantashe 'associate'**
https://www.dailymaverick.co.za/article/2021-04-29-karpowership-consortium-in-affidavit-losing-bidder-claims-blatant-corruption-fingers- mantashe-associate/

**Power ships vs home solar installations — the best value for R218 billion**
https://mybroadband.co.za/news/energy/478859-power-ships-vs-home-solar-installations-the-best-value-for-r218-billion.html

**Communities at Risk: The Hazards of Liquified Natural Gas**
https://www.youtube.com/watch?v=uBAgvXPw1aI

**OUTA court case**
https://www.outa.co.za/projects/energy/karpowership

**Green Connection court case**
https://thegreenconnection.org.za/karpowership/



Ibhalwe yi-Natural Justice, ngokubambisana kanye ne-Green Connection

NATURAL JUSTICE